

# PULA IMVULA

GROWING FOOD • PEOPLE • PROSPERITY



## Ukuqapha isilimo sakho kungonga imali

UMA SEKUQEDIWE UKUTSHALA NJALO KUBA KHONA UMUZWA WOKUKHULULEKA FUTHI ABALIMI BASUKE BEKHATHELE NGENXA YOKUSEBENZA AMAHORA AMADE NENGCIKEDZE. UYALINGEKA UKUBA UHLALE PHANSI UPHUMULE, WENELISEKE NGOKUTHI UMESEBENZI WESIZINI UWENZILE – KODWA KUBE KUNGENJALO.

Ukugcina isilimo sakho ummbila sikhula kahle ngesizini yonke yokulima kungaba yinselelo ngakho ke kubalulekile ukuthi ube neplane ecacile yongakwenza.

Ukugwema ‘ubungozi bokulawula izinkinga’ kunoma yisiphi isigaba sesilimo sokukhula:

- Ukuthi ube khona.
- Ukhuthale.



**U-Jenny Mathews, umbhalu wePula Imvula. Thumela i-imeyili ku- [jennymathews@grainsa.co.za](mailto:jennymathews@grainsa.co.za)**

- Uqaphele.
  - Ube nolwazi.
  - Usukumele phezulu kungaze konakale.
  - Ube nentshisekelo.
- Kubalulekile **ukujwayela** ukuhamba insimu yakho yonke. Hlola insimu yakho ngokuzinikela nangokuphelele. Ungacabanga ngokuzungeza insimu yakho njalo ngeviki ufile ume ensimini yakho uhlole inqubekelaphambili



## IZWI LIKA...

### Liana Stroebel

**A**KUKHOLAKALI UKUTHI LO NYAKA OMUSHA USUQHUBEKE KANGAKA NJENGOBA KUZWAKALA KWANGATHI UKHISIMUZI BEKADE UYIZOLO LOKHU! KWANGATHI ISIKHATHI SIGIJIMA KAKHULU KUNAKUQALA. IMIPHUMELA YEZHINHELO ZAYIZOLO, IZENZO NEZINQUMO ZIPHENDUKA MASINYANE KAKHULU ZIBUYE KUWE FUTHI SINGASHESHA SIWABONE AMAPHUTHA LAPHO ENZEKE KHONA NOMA LAPHO SINGANAKANGA KHONA.

Ngalokho okusengqondweni, kabaluleke kakhulu ukuba sigxile ngempela emphumeleni nakukho konke esikuhlelayo nesikwenzayo namuhla. Uma sisika ikhona elilodwa namuhla, kuzobuyela kuwe ngokuphazima kweso.

Njengoba wazi, ekulimeni, asinayo enye indlela esingacizelela ngayo ukubaluleka kwestikhathi. Kubalulekile ukuqondisisa ngokucacile ukuthi uzisetha kanjani izikhathi zangempela zokwenza izinto ngqo. Isibonelo, ukusebenza uhlelele usukele osukwini lokutshala. Kubalulekile ukuhlela izinsuku ezithile ezibalulekile mayelana nalokho okudingeka ukwenze nokuthi ukwenza nini – kusukela ekufakeni *i-lime* kuye ekulungiseni impahla yokusebenza ihlale ilungile, ukuthengwa kwama-*input* nokunye.

Ngokuya uthola ulwazi uzofunda futhi nokwenza izinqumo ezingizima masinyane – isibonelo uma ungenawo amandla okutheenga onke ama-*input* adingekayo, kungcono utshale amahektha amaphancane bese wenza ama-aplikheshini akho ngokufanelekile, kunokuzama ukunconzula ama-*input* akho. Futhi, mhlawumbe uma uthole uxhaso kodwa ama-*input* afike emva kwestikhathi thatha isinqumo esiqinile sokuthi ungatshali noma okungenani utshale indawo encane futhi uwonge ama-*input* akho ukuze uzokwazi ukubamba isikhathi sokutshala esifanele ngesizini elandelayo.

Ukuze sibe nenqubekelaphambili, kufanele siziqaphele izinselelo zethu isizini yonke. Sibe neqiniso futhi singazithambisi. Hlaziya uphinde uzibhale izinto ozozenza ngokwehlukile futhi lezo uzisebenzise njengomhlahlandlela wokwenza ngcono ukulima kwakho ngonyaka ozayo. Ungaphindi wenza iphutha elifanayo kabilo.

Nginifisela okuhle kodwa isizini yonke futhi nihlale niqaphile futhi nikuthale ingozi yihibone iseza! ■

## Ukuqapha isilimo sakho...

nempiyo yawo. Uzungeze masinyane uhamba nge-bakkie ubheke ngefasitela lokho akukhona ukuba khona ngempela. Yima, uphume futhi **uhlole insimu yakho**. Hamba phakathi kolayini, futhi ugobe uhlole inhlabathi, izimpande nezitshalo namahlamvu. Hlola izitshalo eduze ukuze ubheke izimpawu ezikhathazayo noma zikhona izifo ezingathandeki noma izinambuzane.

Ungazi kanjani ukuthi yini okufanele uyibheke? **Zitholele ulwazi**. Khuluma nabeluleki, ochwepeshe nomakhelwane. Funda ngezigaba zokukhula kwezitshalo ozilimayo; funda kabanzi ngokhula olujwayelekile, izinambuzane nezifo ngesifunda sakho.

Uma sewazi ngale zinselelo esilimeni sakho, **kudingeka uzhilomise wena ngolwazi** mayelana nokuthi ungazilawula kanjani. Kudingeka wazi ukuthi kukusiphi isigaba sokukhula sesilimo sakho lapho kungaba khona umthelela wesivunweni, ngakho kufanele wazi ukuthi yisiphi isikhathi sokulawula inkinga.

Ukhiye ngodaba lokuvimbela: **Khuthala futhi ubhekane nenkinga ngayinye ngesikhathi ivela**. Kubalulekile ukumenenja isikhathi sakho kahle futhi kufanele ube nolwazi kakhulu. Kubalulekile futhi ukugxila ekuxazululen i ngokufanele izinkinga nasekuqedeni umsebenzi ngakho ubungozi besilimo sakho bumenejwa kahle kakhulu.

Ukukhuthala kusho ukuthi kufanele uzungiselele futhi uzisevise izimpahla zokusebenza ungazidina ukulawula izinkinga ezifana nezifutho zama-*knapsack* kanye nama-*boom sprayers*. Kusho ukuthi usufundile ukukhalibhretha izimpahla zokufutha ukuze usabalalise kahle amaconsana amakhemikhali ngegya elikhona elifanele abasebenzi bakho basepulazini.

Khumbula ukuthi kufanele usebenzise amanzi ahlanzekile uma wenza ingxube yokufafaza futhi kufanele uqinisekise isilinganiso ozo-sisebenzisa – isilinganiso esingafanele singadala umonakalo esilimeni sakho! Okubalulekile futhi, kufanele wazi ukuthi ngabe imbewu yakho ikulungele yini ukuba yi- *Roundup* noma cha – izilimo eziningi zifile zibulawa yisifutho i-*Roundup* esifuthe izitshalo ezingayona i-*Roundup*. Konke lokhu kungagwemeka.

### UKUMENEJA NOKUQAPHA ISILIMO SAKHO

Isiqubulo, ‘Kulula ukungena kokufa nokwelapha,’ yilokho okufanele siphile ngakho. Kodwa, kwenzeka izinto esingeke sizibikezele isib. ukubheduka kwe-Fall Army Worm eyaqala ukunzeka eNingizimu Afrika ngo-2016. Abalimi abaphethe ukulawula lokhu kubheduka ngempumelelo yibo **ababeziniikele ekubhekeni amasimu abo** futhi basheshe bakubone kusaqala ukubheduka.

Ukuqapha yingxene yebalulekile yokungenelela kokubheduke okungahle kwenzeke. Ngisho noma ngabe konke kubukeka kahle futhi kophilile, hlala ngokuhlola njalo njengoba izinto zenzeka ngokushesha. Sike sahamba ngemoto sathubeleza emasimini abude buduze nasekhaya ngelinje ilanga. Awucabange ukumangala esaba nakho ngesikhathi sibona umonakalo owenziwe yisichotho ezitshalweni ezincane – besingazi nokuthi kuke kwashaya isichotho! Masinyane sifune uchwepeshe ukuze ezohlola umonakalo, okwasikhulula ukuthi akubanga yinto esingakhatzaka ngayo.

Into ebalulekile okufanele siyazi uma kwenzeka kuba khona isikhathi esiphuthumayo, ukuthi uvalo nokudideka akukaze kuyixazulule inkinga. Abalimi banezixazululo eziningi kulezi zinsku:

- Inkinga yihlonze ngokuqondile. Uma ubungenaso isiqiniseko, okungenani cela usizo kochwepeshe abathembekile. Ngobuchwepeshe besimanje nokuba ne-aksesi ku-inthanethi kuba lula kakhulu ukuhlonza izifo nezinambuzane njl.
- Hlola izinga lomonakalo noma ukuhlasela kwezinambuzane. Uma wenza kahle mayelana nokuqapha isilimo sakho ngakho ke kufanele ukwazi ukubona inkinga ngaphambi kokuba ifinyelele ezingeni lokungalawuleki.



*Ummbilä omncane ohlaselwe yi-clover okudingeka ulawulwe ngokushesha.*

- Khanda uhlelo ozolwenza. Ngokujwalekile kuba khona izindlela zeinhlelo zokulawulwa kwamakhemikhali ongaku-aplaya ukuxazulula inkinga, kodwa ukusebenzisa umkhiqizo ofanele kubalulekile. Khulumä nabadayisi bamakhemikhali abazokunikeza isiphakamiso uthi uqinisekise ukuthi ulandela uphrogramu ekunikeza okuqonde ngqo.



*Kuyo leyo nsimu emva kweviki elilodwa yi-post herbicide spray aplikheshini.*

- Gcina injongo yakho, lokho okokugcina, lokho kubonakale. Khubula ukuthi uzama ukunciphisa ukulahlekkelwa yizimali okuwukulahlekkelwa amandla esivuno ozokwenzeka ngokushiya inkinga ingalashiywe. Uma isilimo sakho siside kakhulu kunesifutho esidonswa ugandaganda i-boom spray, ngakho ke kuzodingeka ubheke ezinye izindlela ezifana nokwenza inkontileka noma i-aerila crop sprayer ukuze wenze umsebenzi. Lokhu kungaba umsebenzi obizayo ngakho ke kufanele ungakkohlwa umonako wonke nokulahlekkelwa ungakuthola uma uye-ka inking ingaxazululiwe.

**Hlala unentshisekelo** isizini yonke. Kufanele kusuke enjabelweni ukuthubeleza ngemoto emasimini akho futhi ubheke izilimo. Nginifisela okuhle kodwa njengoba unyaka uqhubeka! ■

## INGXENYE 2 Khetha UMGUDU WEMAKETHE yesilimo sakho

**A**BAKHIQIZI KUFANELE BAKHUMBULE UKUTHI IQHINGA LOKUMAKETHA ELIYIMPUMELELO LIDINGA UKUZINKELA OHLELWENI LWEMAKETHE EHLUKILE, NGOKWEZIDINGO ZEPULAZI NGALINYE. ISIQNISEKO SEMPUMELELO KUDINGA UKUBANDAKANYEKA NGENKUTHALO KUZO ZONKE IZINDLELA ZOKUMAKETHA, LOKHO UKUQOQA ULWAZI LWEMAKETHE, UKUHLAZIYA IZIMO, UKULUNGISA IPULANE NOKWENZA UPULANE LISEBENZE.

Engxenyeni yokuqala yochungechunge lwemigudu yezemaketha, sixoxe ngemigudu yokumaketha eqondile ebekelwe abakhiqizi. Kwakugxilwe kakhulu ku-*non-future exchange marketing*. Kule athikhili sizogxila ku-*focus futures exchange marketing*.

### IZINKONTILEKA ZE-SAFEX NGE-FUTURES EXCHANGE

Leliqhinga lokumaketha libandakanya ukuvimbela (isikhathi esizayo noma okungakhethwa), **Ukuvimbba** yithuluzi elisetshenziswa ukunciphisa noma ukukhansela ubungozi bamanani.

Izinkontileka ze-futures zihweba kwi-Safex ukuze kudilivwe okusahlamu osukwini lwangomuso. Inkontilaki iqinisekisa into okufanele idilivwe nezimo zokudiliva.

**Ukukhetha** yinkontilaki lapho ingxenyen eyodwa anelungelo, kodwa akukhona ukuzibophezel, ukuthenga noma ukudayisa ummbila ngenani elinqunywe phambilini nganoma yisiphi isikhathi ngesikhathi esithile esibekiwe. Le nkontilaki noma okukhethile kunikeza umthengi ilungelo kodwa hhayi isibophezel sokusebenzisa inkontileka, ngenkathi umdasi wokukhetha enesibophezel sokuhlonipha inkontileki uma umnikazi wenkontilaki efuna ukuyisebenzisa.

Kubili ukukhetha okwahlukena, ukhetha ukubeka nokubiza:

- Ukkhetha ukubeka kunikeza umthengi ilungelo lokudayisa ummbila.
- Ukkhetha ukubiza kunikeza umthengi ukukhetha ilungelo lokuthe-nga ummbila.

### IZINDEKO ZE-SAFEX MARKETING


Izinkontilaki ze-futures zinomthelela kwi-cash flow yomkhiqizi. Ngokwesimo senkontilaki ye-futures, umbhalu noma umdayisi kufanele akhokhe *i-margin*

*U-Ikageng Maluleke, uSomnetho wezoLimo, kwa-Grain SA. Thumeia i-imelyi ku-ikageng@grainsa.co.za*



1

*Uhlaka olukhombisa izimakethe ze-commodity.*




*Umthombo: Mark A. Ethlen*

yokuqala iyabuyiswa ngesikhathi kwenziwa i-transaction. I-variation margins nayo iyasebenza kwinkontileka ye-futures.

Uma amanani enkontilaki ye-futures ephambana nesimo sakho, kudingeka ufake isibambiso se-variation margin ukuze ugcine indawo yakho. Uma amanani enteno esondela ku-R20/ithani ngokuphikisana nesimo sakho, kudingeka ufake imali emahoreni engama-24. Ngokwesimo senkontilaki ekhethiwe, kudingeka ubhadale amaprimuyamu; ayikho i-variation margins ku-aplaywa kunkontileka ekhethiwe.

Uma umkhiqizi ehlanganisa i-forward contract ne-hedging contract, inkampani athenga kuyo ngokuvamile siqukatha i-margin yokuqala phecelezi initial margin. Ngakho ke unesimo lapho unekhwantithi nokuvalelwu kwenani phecelezi price locked in.

Izindleko zokumaketha kufaka phakathi imali yebhrokha, inzalo, isithuthi kanye nezindleko zokuphatha. ■



# UKUHLELELA PHAMBILI

## yiresiphi yempumelelo



**K**ULE SIKHATHI SONYAKA ININGI LEZENZO ZOKUKHI-QIZA IZILIMO ZASEHLOBO ZENZIWE. IZILIMO MANJE ZIYAKHULA FUTHI SEKUZOLANDELA UKUVUNA. UMSEBENZI WASEPULAZINI MNCANE FUTHI WENA NJENGEMENENJA KUFANELE UQALE UKUHLELELA ISIZINI YOKUKHQIZA ELANDELAYO.

Ukuhlelela isizini elandelayo kufanele kuqale ngokwamandla amasimu ahlukena kanye nalokho okwenziwa ngesizini okuyo, yini eyasebenza nengazange isebezenze. Insimu ngayinye idinga ukuhlelela ngokwezilimo kanye namandla, kanye nalokho okwakutshalwe ensimini. Okufaka phakathi imibandela yama-*herbicide* ekuhleleni kwakho.

Kubalulekile ukubala ukuthi malini imali ezodingeka ukuze ukwazi ukukhqiqa isilimo sangonyaka olandelayo. Lokhu kubaluleke kakhulu ngoba izimali kufanele zibe khona ngaphambi kwesizini yokukhqiqa qala ngoJulayi. Kufanele ibe khona imali ezohlukaniswa, kukhishwe eyamasampula enhlabathi kanye neye-aplikheshini ye-lime ngoJulayi.

### UKUHLELA IBHAJETHI YESILIMO ENEMINININGWANE

Abakhqiqi abanangi bangasho ukuthi ngeke kulunge ukuhlelela phambili, kodwa abakhqiqi abawinayo benza kanjalo yonke iminyaka. Isikhathi basicina njalo futhi bathole izivuno ezinhle futhi esikhathini esiningi, inzuzo iba yinhe.

Ngabe bakwenza kanjalo lokho? Ngokwejwayelekile badweba ibhajethi yesilimo enemininingwane bahlanganise yonke into edingekayo uma kukhqiqa isilimo. Abakhqiqi abawinile benza izinqumo ngamasu okumaketha kanye nezibonakalo zokuhlola ubungozi nokumenenja isikweleti ngaphambi kwesikhathi.

Zikhona izinkambiso abayisebenzisayo ukubala izindleko zamainputs ezisetshenziswa. Kulula ukunquma intengo yembewu yommbila. Umkhqiqi kufanele axhumane nomdayisi wembewu yakhe baphinde bamsize nange-cultivar etshaliwe, inani elitshalwayo ihektha nalinye nezindleko zinganqunywa.

### Intengo kamanyolo

Kunzima kakhulu ukubala izindleko zikamanyolo, kodwa kungenzeka. Inhlangoano kamanyolo yaseNingizimu Afrika i-(FERTASA) ngokuvamile ishicilela izinombolo zikamanyolo okhishiwe ngesilimo. Izinombolo

**U-Pietman Botha, umbhali wePula Imvula. Thumela i-imeyili ku-[pietmanbotha@gmail.com](mailto:pietmanbotha@gmail.com)**

ezikhishiwe zamanyuthriyenti ama-kg ommbila ngethani yokusahlamu kukhonjisive **kuThebula 1**.

Ngalolu lwazi xhumana nomdayisa kamanyolo uphinde ubale umanyolo odinbekayo kanye nezindleko. Usuku lwakamuva lwasampula yenhlabathi nalo lungasiza kakhulu futhi kungenzeka ukuthi kubalwe ngokuqonde ngqo. Mayelana ne-lime, umthetho ongephikiswe uthi yithani eli-1 ihektha ngonyaka.

### I-herbicide ne-pesticide

Iphrogramu yakho ye-herbicide ne-pesticide izohlukana ngokwezinhlubo zommbila otshaliwe. Uma kutshalwe i-cultivar eyi-Roundup Ready stack gene, iphrogramu izokwehluka kwi-standard cultivar esezeningi. Nge-cultivar eqokiwe, cela abadayisi bama-herbicide bezobheka insimu yakho futhi ngokolwazi lwabo banquma ngephrogramu ye-herbicide ne-pesticide. Ngosizo lwabo abakhqiqi bayokwazi ukuthola umqondo okahle mayelana nokuthi iphrogramu ye-herbicide ne-pesticide izobiza kangakanani.

### Udizili nokunakekela

Udizili nemisebenzi yokukhanda nakho kungabaleka kahle ngokuqonde ngqo. Njengokomthetho owaziwayo ukukhqiqa ngokwemvelo amalitha angama-75 kadizili azosetshenziswa. Uma abakhqiqi benzibalo zabo zikadizili abawusebenzisile abasebenzise zona. Sebenzisa inani lentengo kadizili lamanje futhi uzosondela kakhulu entengweni eyiyona ngqo. Kuhlale kubobudlelwano phakathi kwezindleko zikadizili nezindleko zokukhanda. Uma abakhqiqi besebenzisa intengo yabo kadizili baphinde bangeze ngo-10% ngaphezulu kuzosondela ezindlekwani zokukhanda nakwezokunakekela ezindingekayo. Ezinye izindleko ezifana nokuvikela amanani, umshwalese womsebenzi wenkontileka nezinye izindleko nazo kufanele zifakte.

### I-gross margin yesilimo

Umehluko phakathi kwemali engenayo kanye nezindleko ezinganqunywa ngqo yi-gross margin yesilimo.


**kuThebula 2** Isibonelo sebhajethi yesilimo sommbila. Kukunekeza isamari yezindleko ezingahle ziqonde ngqo. Abalimi bangakusebenzisa lokhu njengesibonelo sokubala isamba sezindleko zommbila ne-gross margin yesilimo. Farmers can use this as an example to calculate their total maize cost and maize gross yommbila. Khumbula ukuthi uma i-gross margin i-negative, lungahle lungenzeki uguqoko lokuba isilimo silethe inzuzo. Buyekeza izindleko bese uyalungiso.

1

Izinombolo ezikhishiwe zamanyuthriyenti ezitshalo zezivuno zommbila ezaahlukene zokuhlela.

| Amanyuthriyenti ezitshalo | Ithani | Ngamatha-ni ama-4 | Ngamatha-ni ayi-6 |
|---------------------------|--------|-------------------|-------------------|
| Inayithrojini (N)         | 15 kg  | 60 kg             | 90 kg             |
| Ifosferasi (P)            | 3 kg   | 12 kg             | 18 kg             |
| Iphotheziyamu (K)         | 4 kg   | 16 kg             | 24 kg             |

| IBHAJETHI YENSIMU YESILIMO                             |                    | Amahektha atshaliwe     |                               | Ukuhlela isivuno  |                        |
|--|--------------------|-------------------------|-------------------------------|-------------------|------------------------|
| <b>IMALI ENGENAYO NOKUKHIQIZWA KWEZILIMO</b>           |                    |                         |                               |                   |                        |
| Uhlobo lwemali engenayo                                |                    | Isivuno/ha              | Intengo/t                     | Imali engenayo/ha | Isamba semali engenayo |
| <b>ISAMBASEMALI ENGENAYO – IZINDLEKO ZOKUMAKETHA</b>   |                    |                         |                               |                   |                        |
| IZINDLEKO EZIQONDE NGQO                                |                    |                         |                               |                   |                        |
| Intengo yento  |                    |                         |                               |                   |                        |
| Imbewu   | Ukuphakheja        | Intengo/ukuphakheja     | Inani/ha (i-kg/pips)          | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| Umanyolo   | Ukuphakheja        | Intengo/phakheja        | Intengo/ha (i-kg/i-litha)     | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| I-Lime   | Ukuphakheja ithani | Intengo/t               | t/ha                          | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| Ama-herbicide  | Ukuphakheja        | Intengo/phakheja        | Inani/ha (i-kg/ilitha)        | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| Ama-pesticide  | Ukuphakheja        | intengo/phakheja        | Inani/ha (i-kg/ilitha)        | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| I-Lime   | Isivuno x intengo  | % assetshenzisiwe       | Intengo % imali engenayo      | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| Intengo eyisivikelo                                    |                    | t/ha isivikelo          | Intengo/t/isivikelo           | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| Umsebenzi wenkontileka                                 |                    | intengo/isenzo          | Izikhathi okwenziwe ngazo     | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| Umshwalense wesilimo                                   | Isivuno x intengo  | % assetshenzisiwe       | Intengo % lemali engenayo     | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| Ukufafaza nge-Aerial                                   |                    | Intengo/isenzo          | Izikhathi okwenziwe ngazo (b) | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| Izindleko zokomisa                                     |                    | i-t/ha                  | Intengo/t                     | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| Izindleko zokumaketha                                  |                    | Amathani/ha             | Intengo/t                     | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| Umsebenzi wetoho                                       |                    | Izinsuku zokusebenza/ha | Intengo/usuku                 | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| Ukuphakheja neMathiriyali                              | Ukuphakheja        | Intengo/phakheja        | Inani/ha (kg/litha)           | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| Ezokuthutha  |                    | i-km/ha                 | Intengo/km                    | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| Udizili/Uphethiloli                                    |                    | Intengo/ilitha          | Ilitha/ha                     | Intengo/ha        | Isamba sezindleko      |
| Izindleko zikadizili/phethiloli vokusebenza nokutshala |                    |                         |                               |                   |                        |
| Izindleko zikadizili/phethiloli kufikele kwezokuvuna   |                    |                         |                               |                   |                        |
| Izindleko zikadizili zokuvuna nezokuthutha             |                    |                         |                               |                   |                        |
| <b>Isamba sezindleko zikadizili/phethiloli</b>         |                    |                         |                               |                   |                        |
| Ukukhanda  |                    |                         |                               | Intengo/ha (d)    | Isamba sezindleko      |
| Izindleko zokukhanda ukusebenza kuye ekutshaleni       |                    |                         |                               |                   |                        |
| Izindleko zokutshala kufike ekuvuneni                  |                    |                         |                               |                   |                        |
| Izindleko zokukhanda okokuvuna nokokuthutha            |                    |                         |                               |                   |                        |
| <b>Isamba sezindleko zokukhanda</b>                    |                    |                         |                               |                   |                        |
| <b>Isamba sezindleko eziwungqa</b>                     |                    |                         |                               |                   |                        |
| <b>I-Gross margin</b>                                  |                    |                         |                               |                   |                        |



# Inani lentengo yamanje yokusahlamvu, okuyona intengo eyifayineli njalo

**I**NTENGO YOKUSAHLAMVU NEYE-OILSEED ISABALALISWA KABANZI KUBO BONKE ABAKHIQIZI BOKUSAHLAMVU NABE-OILSEED, ABAPHINDE BATHOLE AMANYE AMANANI ENTENGO AFANA NENTENGO YASEPULAZINI PHECELEZI – FARM GATE PRICE KANYE NOKWAKUNGAMANANI E-SILO PHECELEZI EX-SILO. KUBALULEKILE UKUWAQONDISA LA MANANI ENTENGO UPHINDE UWAZI UMEHLUKO PHAKATHI KWAWO FUTHI UKWAZI UKUBALA INTENGO OZOYITHOLA NGOKUSAHLAMVU KWAKHO.

Intengo yokuqala esabalaliswa zonke izinsuku yi-Safex maize noma intengo ye-commodity yezinyanga ezahlukene zokudiliva. Ngokuvamile inyanga yamanje intengo yemakethe yansuku zonke. Izinyana zokudiliva ze-future market, isibonelo uMay uJulayi uDisemba, kuzoba amanani esikhathi esizayo phecelezi future prices.

Isithi yesibili yamanani entengo yenani lasepulazini phecelezi i-farm gate price. Le ntengo yile ntengo etholwa abakhiqizi ngomkhiqizo wabo epulazini. Isethi yesithathu yamanani yi-ex-silo price. I-ex-silo price yintengo yokusahlamvu kwi-silo. Abakhiqizi abanesivumelwano/inkontileka ngokuvamile bathola intengo phecelezi i-ex-silo price. Kunomehluko omkhulu phakathi kwe-Safex ne-ex-silo price; kanye nemali esebhange.

1

*Isibonelo sokuthi ungawubala kanjani umthelela wezindlela ezahlukene zokumaketha ungazikhetha.*

| Izindlela zokumaketha ezin-gakhethwa                       | Kudayiselwe i-agribusiness (R/t) | Intengo yomthwalo wePulazi (R/t) |
|--|----------------------------------|----------------------------------|
| <b>I-Safex price (JULAYI 2021)</b>                         | <b>3 270</b>                     | <b>3 270</b>                     |
| Kususwe imali yokuthutha                                   | 233                              | 233                              |
| Kususwe imali ye ejenti margin                             | 10                               | 10                               |
| <b>Intengo yasepulazini pecelezi Farm gate price</b>       | <b>3 027</b>                     | <b>3 027</b>                     |
| Kusuwe imali yokubamba yesilo phecelezi-silo handling cost | 57                               | 0                                |
| Kususwe imali yokuthutha kuhanjiswe ku-silo                | 10                               | 50                               |
| <b>Okwakuyinani le-silo phecelezi-Ex silo price</b>        | <b>2 960</b>                     | <b>2 977</b>                     |
| Kususwe izindleko zokubeka @ R0,50/t/ngosuku               | 15                               | 0                                |
| <b>I-Nett farmer grain price</b>                           | <b>2 945</b>                     | <b>2 977</b>                     |

**U-Pietman Botha, ubhali wePula Imvula. Thumela i-imeyili ku-pietmanbotha@gmail.com**



## I-SAFEX PRICE

I-Safex price inani lentengo emakethe yokusahlamvu okudilivwe e-Randfontein. Le yintengo yemakethe ye-commodity ehlanganisa idimandi ne-saplayi kanye nedimandi elindelekile nesaplayi ye-commodity.

Njengoba imakethe yokusahlamvu eNingizimu Afrika ingathenga noma ingathumele kwamanye amazwe okusahlamvu, idimandi ne-saplayi yasemazweni angaphandle e-commodity kanye ne-exchange rate namandla ezimali nakho kuzofakwa phakathi kumanani entengo ye-commodity phecelezi i-Safex price yaseNingizimu Afrika.

Imincele ephakeme noma ephansi yamanani e-commodity amanani okuthenga kwamanye amazwe nokudayisele amanye amazwe phecelezi i-import parity ne-export parity prices. Njengoba i-Safex price inani le ntengo yemakethe i-free market price ye-commodity ediliviwe e-Randfontein ise-thenziswa njengesekelo sokunquma nge-farm gate price.

Ngokwejwayelekile kule-Safex price ukwehlukana kwezokuthutha ne-margin yebrokha kuzothathwa ukuze kuphume i-farm gate price yokusahlamvu. Uma lokhu okusahlamvu kudilivwa ku-silo kuzoba nezindleko zokunye ukubanjwa nokuthuthwa okuzosuswa.

## UKUKHETHA IZIMAKETHA

Abakhiqizi bangalindela ukukhokha izindleko zokulayisha umnthalwa no-kwethula umnthalwa wama-agribusinesses ahlukena ngokwamabhzinisi. Abakhiqizi uthi bangalindela ukukhokha ukugcinwa kokusahlamvu kwa-bo zonke izinsuku. Lezi zindleko zizokwehluka ngamabhzinisi nabakhiqizi kufanele baqinisekise ukuthi bayazazi futhi bayaziqondisa lezi zindleko. Amanye ama-agribusinesses angabazi izindleko zosuku kuze kufinylele esigabeni esithile bese kuba nezindleko zonyaka. Qinisekisa ukuthi okusahlamvu kugcinwa isikhathi esifushane kakhulu endaweni okugcinwa kuyo zonke izinsuku. Kudlela kuzinkontileka masinyane.

**Ithebulu 1** isibonelo ngendlela okubalwa ngayo intengo yakho kanye nokwazi ukuqhathanisa amanani entengo ahlukena.

Ngokusebenzisa ithebulu 1 isibonelo, abalimi bangahlola izindlela ezahlukene ongazikhetha zokumaketha. Abakhiqizi kufanele baluthole ulwazi ngendawo yabo futhi baqhathanise abangakhetha okwahlukena. ■

# UKUXHUMANA OKUHLE yingxenye yephrogramu yethu

**U**KUTHUTHUKISWA KWABALIMI KUNCIKE EKUXHUMANENI OKUSEZINGENI ELIPHEZULU FUTHI KWA-GRAIN SA SISEBENZISA AMAPULATIFOMU AHLUKENE UKUDLULISELA ULWAZI OLUNGAGUQU-LA IZIMPRO NENDLELA YOKUPHILA. EZINTWENI ZESIKHATHI ESIPHAMBILI SIBHEKA EZIMENI EZIBALULEKILE ZAMAQHINGA OKUXHUMANA EZIFANA NAMA-STUDY GROUPS NOKWESEKWA KOMLIMI NGAMUNYE. KULOLU DABA SIGXILE KUZHICILELO ZE-ZETHU EZIBALULEKE KAKHULU.

Othisha bePhrogramu yokuThuthukisa abalimi bakwa-Grain SA, iyathuthikisa, idlulise amakhono futhi iqhubekе nokweluleka abalimi ngaleso sikhathi ngokukhuthala yakha amanethiwekhi okweseka ebazungezile. Nakuba ikomkhulu lehhovisi lethu lisePitoli, kuyabonakala esesikwakhile ezindaweni ezibalulekile ezikhqizqa okusahlamvu njengase-Dundee, Kokstad, Lichtenburg, Louwsburg, Maclear, Mthatha, Nelspruit nase-Paarl.

Ithimba lethu liquukethe abezolimo abanolwazi abaxhumana nabalimi ngolimi lwabo futhi banentshisekelo ngokuthuthukisa abalimi mayelana nenqubekelaphambili nempumelelo. Sizosiza bonke abalimi bokusahlamvu abane-aksesi yenhlabathi nabanemali yabo, abafuna ukulima ukudla komndeni wabo noma bakhe umsebenzi wokulima.

## IMISEBENZI YETHU YAKAMUVA

Bekuphithizela emavikini ambalwa njengoba bekuyisikhathi sokwenza umsebenzi omningi kubakhqizi bokusahlamvu kwasehlobo. Ngesikhathi abantu abaningi bebezhialele beziphumulele ngesikhathi samaholidi asehlobo, ithimba lethu belimatasa kakhulu!

Kusukela ngomhla ka 14 Disemba 2020 kuye kumhla ka-15 Januvari 2021 sisingathe **imihlangano eyi-46 yama-study group** saphinda **savakashela amapulazi izikhathi ezingama-72** kulabo balimi abathola ukwesekwa ngamunye kule sizini. Inhloso yethu ukuqinisekisa ukuthi abalimi bahlonyisiwe ukuba batshale izilimo ngokufanele ukuze bathole

**U-Jenny Mathews, umbhalu wePula Imvula. Thumela i-imayili ku- jennymathews@grainsa.co.za**



isivuno esikhulu. futhi samonitha amasimu kanye nabalimi, sibanikeza iseluleko ngokulawulwa kokhula, isifafazi sekhalibhreshini nokunakekelwa kwempahla okudingekayo.

## USHICILELO LWETHU OLUBALULEKILE I-PULA IMVULA

Kungamangaza ukukutshela kabanzi ngephephabuku lethu **i-Pula Imvula** uma uyiphethe ngezandla zakho ikhophi. Ngabe bewazi ukuthi leli phephabuku elihle, elinemibala impilo yalo yaqala kuyi-newsletter kumalungu abalimi bokusahlamvu abasathuthuka be-*Grain SA*? Manje isiyatholakala njengekhophi yephephabuku, isabalaliswa kakhulu kubalimi kanye nase-zimbonini ezibambe iqhaza ezweni lonke, futhi iyatholakala nangefomathi ye-elektronikhi ku-[www.grainsa.co.za](http://www.grainsa.co.za) mhlambe njenge athikhili eyodwa noma iyiphephabuku eligcwele uyi-download.

Iphephabuku lishicelelwa ngezilimi eziyisihlanu – kanti ngo-2020 isibalo sethu sokulisabalala kwanyana zonke kwaba:

| ISingisi | ISesotho | isiTswana | isiZulu | isiXhosa | Amakhophi esewonke |
|----------|----------|-----------|---------|----------|--------------------|
| 1 915    | 1 691    | 997       | 4 997   | 6 432    | 16 032             |

Amakhophi ama-athikhili akhishwa ngokoxhaswa lwemali. Sixhaswa ngobubele yi-Maize Trust, i-OPOT, i-Winter Cereals Trust kanye namanye ama-agribusinesses azinikele wona ukuthuthukiseni umkhakha wabaliyi abasafufusa.

**HELPING FARMERS  
STAND AS TALL  
AND PROUD AS  
THEIR CROPS**



**PANNAR®**  
Together we farm  
for the future™

**CORTEVA**  
agriculture

TM ©Trademarks of Corteva Agriscience and its affiliated companies.  
© 2021 Corteva. 2021/CORP/PI/007DEV

# PULA IMVULA

## Ithimba labahleli

### GRAIN SA: PRETORIA

PO Box 74087  
Lynnwood Ridge  
0040  
■ 08600 47246  
■ www.grainsa.co.za

### UMHLELI UKWABA

Liana Stroebel  
■ 084 264 1422 ■ Office: 012 943 8285  
■ liana@grainsa.co.za

### UMLINGANI WEZOKUSHICILELA

INFOWORKS  
Johan Smit ■ Louise Kunz ■ Elizma Myburgh  
■ Joritha Hechter  
■ 018 468 2716 ■ johan@infoworks.biz



### Uhlelo IweGrain SA LokuThuthukisa amaFama

#### ABAQONDISI BENTUTHUKO

Johan Kriel  
Free State (Ladybrand)  
■ 079 497 4294 ■ johank@grainsa.co.za

#### Jerry Mthombothi

Mpumalanga (Nelspruit)  
■ 084 604 0549 ■ jerry@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8289 ■ Smangaliso Zimbili

#### Jurie Mentz

Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)  
■ 082 354 5749 ■ jurie@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8218

#### Graeme Engelbrecht

KwaZulu-Natal (Dundee)  
■ 082 650 9315 ■ graeme@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8287 ■ Nkosinathi Mazibuko

#### Luke Collier

Eastern Cape (Kokstad)  
■ 083 730 9408 ■ luke@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8280 ■ Luthando Diko

#### Liana Stroebel

Western Cape (Paarl)  
■ 084 264 1422 ■ liana@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8285 ■ Hailey Ehrenreich

#### Du Toit van der Westhuizen

North West (Lichtenburg)  
■ 082 877 6749 ■ dutoit@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8290 ■ Lebo Mogatlananyane

#### Cwayati Mpotsyi

Mthatha  
■ 078 187 2752 ■ umthatha@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8277

#### IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:

IsiZulu, IsiNgi, IsiTswana, IsiSuthu, nesiXhosa.

Articles written by independent writers are the views of the writers and not that of Grain SA.

## Ukuxhumana okuhle...



Farmer  
Development  
Programme


## Nawu umbiko ovela kwabanye abalimi...

We are greatful to receive Pula Imvula catalogue because we are very much encouraged by this little book that has a lot of information that keep us going forward to reach our desire/goal of becoming a commercial farmer one day. The way we enjoying to read this book even other farmers ask for each and every month that when are the next one coming; because they are willing to know what's new on the upcoming one. So please keep on sending them to us because they are of a great help. It is developing us as farmers; guiding us on how to plant and protect of plants in a right way.

Thank you very much.

### Pula Imvula

This book called Imvula Pula it helps us a lot because it teaches us how to follow the correct production practices and encourage us by showing us farmers who are participating on the GSA farmer of the year competition. I would like to take this opportunity to thank GSA for donating to us the maize shellers. Another important point is that through Imvula we could see how other farmers in other areas of SA are doing their farming businesses we even see them having their produce which they have harvested on their arable lands.



#### Kungani iphephabhuku libaluleke njengomgudu obalulekile wezokuxhumana?

Inhloso yentuthuko ukwandise ukuhlanganyela ekuthuthukiseni nokwazisa, ukugqugquzela nokuqequesha abantu abahlala emakhaya kusukela emazingeni aphansi. Ziningi izingqinamba emkhakheni wezentuthuko namathuba okudlulisela ulwazi mancane lapho umuntu ethembele kuphela ezikhulwini zentuthuko lufinyelela kubantu abanangi abangahlomula ngolwazi oluqonde ngqo, olufanele namakhono. Ukvuleleka nezinselelo zokuthutha ziyizingqinamba ezinzima ezibakhinyabezayo abalimi basemakhaya, ngakho ke **sifundile intuthuko yangempela esebezayo emakhaya incike kwabezindaba angasakaza isabalalise ngobubanzi**, okufana nomsakazo nezindaba eziprintive.

#### Siyaziqhenga ngoshicilelo lwethu

- Iphephabhuku elidl'ubhedu, linemibalabala, ushicilelo lomkhakha olukhethekile abalimi balemukele ngezandla zombili abalimi abathi ulwazi abalutholayo luhambisana nesikhathi, lihambisana nesimo futhi kulula ukuliqondisisa.
- Liphinde libe yiphakheji ethembekile yowlazi esikhwameni samathulusi abasehhovisi lezentuthuko nabaqequeshi abalisebenzisa ezingxoxweni nama-study group noma ukukhombisa abalimi ulwazi oluthile.
- Ama-athikhili abhalelwwe ukuthuthukisa abalimi bokusahlamvu. Izihloko zikhuluma ngezinhlaka eziningi zokukhiquiza nokumaketha kanye nolwazi olu-generic oluwusizo ekuhlo-miseni kanye nokuthuthukisa amakhono abalimi.
- Inhloso ukuqinisekisa ukuthi umkhuba ongcono, nolwazi olufanele ludluliselwe ngesikhathi ngendlela yokwamukelwa kalula futhi lokho kungabelwana ngakho ekuthuthukiseni umphakathi olima okusahlamvu.
- Sibeka i-value enkulu 'ekukhuliseni umlimi nomlimi'. Uma singafundisa umlimi oyedwa ongabelana ngolwazi olubarulekile nabanye abayishumi, inethiwekhi iyakhula nokudluliselwa kolwazi kuqhubeka kakhulu.
- 'Ulwazi nokusungula kuneqhaza ekusizeni abalimi nemiphakathi esemakhaya ehlangabezana nezinselelo zanamuha nangomuso'. (European Commission, 2019).



THIS PUBLICATION IS  
MADE POSSIBLE BY THE  
CONTRIBUTION OF  
THE MAIZE TRUST

MADE POSSIBLE BY  
THE MAIZE TRUST